

Umthetho Wobuholi Bendabuko Nabama Khoi-San

[B23-2015]


1. Inhoso yalomthetho ngukuhlanganisa yonke imithetho yobuholi bendabuko usungule umthetho owodwa. Uphinde wazise ngokuba-khona kwemiphakathi nabaholi bendabuko bama Khoi-San.

Yize Kunjalo, Ziningi Izinkinga Ngalomthetho:

2. Ugcina imingcele yobandlululu eyasungulwa ngaphansi kwe Bantu Authorities Act (1951), eyamukelwa yagunyazwa yi Traditional Leadership and Governance Framework Act (2003)
 - a. ‘izizwe’ = ‘imiphakathi ngokokudabuka,’
 - b. ‘iziphathimandla zezizwe’ = ‘imikhandlu yendabuko’
 - c. Imingcele ‘yemikhandlu yendabuko’ ivuselela amaBantustans. (Clause 70)
3. Ngokwakha imingcele ehlukanisa izizwe iphinde iqambe nezinye ezintsha, umthetho wobandlululu nabaphathi bawo baphoqa abantu ababenamasiko nezinkolelo ezehlukene ukuba babe munye nezizwe abangahambiselani nazo. Ngokuhambiselana nalemingcele yobandlululu, lomthetho omusha wobuholi bendabuko kanye nabama Khoi-San (TKLB) uzoqhuba impoqo ebantwini nasemiphakathini evela ezimfundisweni zamasiko ahlukahlukene (Clause 3&4)
4. Lomthetho uzosetshenziswa ezindaweni ezisemakhaya kuphela. Lokho kuzodala futhi kuvuselele ngokuqina ukwehlukana nenzondo phakathi kwezizwe, uphinde udale ukwahlukana phakathi kwabantu basemakhaya kanye nabasemadolobheni (Clause 3)
5. Lomthetho uziba ukwehluleka kwemizamo kaHulumeni ekuthuthukiseni izakhungo zendabuko nge “Commission on traditional leadership disputes and claims” (iKhomishana kaNhlapho) kanye nangokhetho lwemikhandlu yendabuko (Clause 70)
6. Ngokungacacisi kwawo imisebenzi kanye nemigomo ebekelwe abaholi bendabuko, lomthetho wakha isimo sika ‘mazikhethela’ endleleni uHulumeni asebenza ngayo (Clause 15, 19, 20 & 25)
7. Lomthetho uphuca abantu nemiphakathi amalungelo okubamba iqhaza endleleni abaphethwe ngayo ngabaholi babo. Lokho ukwenza ngokubeka wonke amalungelo okuthatha izinqumo eziKhandlwini zezindabuko, nezigodlo zasebukhosini kanye nakuHulumeni ngaphandle kwesidingo sokuxoxisana nemiphakathi

8. Lomthetho uqhakambisa idlanzana labadla izambane likapondo ukuba lifinyelele emnothweni - ekubeni amalunga emiphakathi engakwazi ukuba yingxenyeyokuhlomula kulomnotho. Isibonelo salokhu ngaboholi bendabuko abangangena emabhizinisini nezinkampani ngaphandle kwamalunga omphakathi (Clause 24)
9. Lomthetho uyahluka encazelweni ebekwe ngumthethosisekelo uma uthi umthetho wendabuko ungu 'mthetho wokuphila' oshintsha futhi uthuthuke ngokulandela indlela abantu abaphila ngayo. Esikhundleni salokhu, lomthetho ulandela futhi usebenzise izincazelo zomthetho wobandlululo ngomthetho wendabuko.
10. Lomthetho uphatha futhi ubukele abaholi bendabuko kanye nabaholi bamaKhoi-San ngendlela ehlukile. Ekubeni abaholi bama Khoi-San benegunya lokuphatha abantu kuphela, abaholi bendabuko bona banegunya namandla kubantu kanye nomhlaba abahlala kuwo.

Umbalandlela wamaBantustans



Umbalandlela wemikhandlu

